Izindhlela ezimbili. Ipupo.

[BISKOP WILHELMFORCE.]

(Yaqala epepeni No. 47.)

Ngasheshe ngabana ukuba kaya ngani loko; ngokuba kute ngisabheka, ngabona emunye elinga akupenduka; ngamangala, ukuhamba kwake sekumi ngokunye, kad'chamba ngokushesha, manje, eseqale le waba butakataka impela, kwanqaba neb'eme. Izinyawo zako zasbelela, amadole ake ashayana, amandhla ake apela, wafana nezgazayana nje; wasbelela masinyane wawela passi; wati elele pansi erukufile, labo ababemi ngakuye bambinqa bamblieka! ngacabang'ukuti kasaze avuka futi—lapo, wapakamis'amehlo ake wabheka izulu, sengati ucela ukusizwa, was'egaqa ngamadolo nezandhla, waqubeka ibanganyana, wabuye wawa futi, wabuye wakalela ukusizwa futi. Kwat' ukugcina izinyawo zaqal' ukuqina, ngasengibona efika esangweni ngemva kwokub'alwe ngamandhla wafuman'ibandhla elikulu limi kona, wafehla, wangena kati kunjalo, babeminyane kona, bebaningi kwaze kwaba lukuni ukudhlula; was'eti ntenene waye wafika esangweni eliacane wangena kulo, waland'indhlela, kati azeva emqeqebula lapa enyatelayo, nendhlela yaba mnyama ngokwesabekayo; kodwa meko waqinisela njengomuntu ebalekela ukuzisindisa ekufeni; amehlo ami kaze asuka kuye ngaze ngambona esefikile pambili lapa indhlola isize yaba lula, yanhle kona. Kodwa kwabanga umunyu ukubheka labo abasalayo bengapendukile. Ngokuba bagcina ngokunyamalala ebumnyameni obesabekayo, obasibekela indhlela yonke yabo okade kungatiti iyakanya; lapo ngabona futi ukuti bahlukaniswa nemihlobo yabo, futi besaba ukuhamba bodwana; ngase ngizwa ukuti, qa, kukulu abakufumana pambili, okubi; ngokuba, kati ngingasababoni, ngezwa bekala isililo esikulu. Kwaku isililo esikulu impela, esibanga umunyu, kodwa noko kabakutola ukusizwa, ngokuba bekala kungasezwi muntu; kodwa kwakubuhlungu impela ukuzwa konke loku; kwati osizini lwami lolu ngapapama ngavuka, ngafumana ukuti kuyipupo.

1. Lel'ipupo linikumbuza sip'isahluko se Bible?

'Ngenani ngesango eliqondileyo: ngokuba isango libanzi nendhlela futi ibanzi esirolela ekubujisweni, baningi ababamba ngayo. Ngokuba isango liqondile nendhlela incane erolela ekuhlaleni okungenamkaulo: futi bayingcosana abalitolayo' (Matt. VII. 13,14).

2. Yenziwa ini le ndhlela ukuba ibe ncane kiti?

Izono zetu engasilwa nazo.

3. Ayini ameva la asendhleleni?

Izinhlupeko nobulukuni bokuhamba njengomKristu, kahle.

4. Indhlela ilula kwabanjani?

Kulabo abangena kuyo besebasha nasebunganeni.

5. Iba njani kulabo abaqinisela kuyo?

Iba lula ibenhle.

'Izindhlela zake iziudhlela zentokozo, nezindhlela zokutula' (Prov. III. 17).

6. Iye igcine ngani?

Ngokutokoza okungapeliyo.

7. Ziyini izimbali ezisendhleleni?

'Izinjabulo zesono.'

8. Zibunelani zona?

'Ngokuba eze'sikashana nje' (Heb. 10. 25).

9. Ayini ameva lawo avund'ahlabe kulabo abayishiyileyo indhlela encane?

Ukuzisola kwemicabango neuhliziyo.

10. Ukutokoza kwezoni kunjani?

'Ukuquma kwameva ngapansi kwembiza' (Eccles. VII. 6).

11. Igcina kanjani indhlela ebanzi?

Ngokusha okungapeliyo.

(Ipelile-ke namuhla le'ndaba).

Izimpendulo Kubabhali.

F. H.—Usupindile futi ukungabeki igama lako encwadini yako; ngako-ke, tina kasinakuyifaka.

Adam's M. S.—Otile wase Skoleni sika Adams usitumele incwadi kaze aloba igama lake, uyabuza uti siwafakelani epepeni amagama alabo abapendule kahlana imibuzo ye Bible, futi uti bazakuxxonyelwa nabo ini na?—Qa, babili kupela abazakuxxonyelwa namagama abo nowabona ngo Christmas. Kodwa manje sibek'amagama alabo abapendule kahlana. Imiteto icansisela konke, kauyifundi ngani wena.

Jonah Mkuze.—Imali ka Solomon Nzama sesiyamukele. Liyatunywa njalo ipepa lako kanye nelake. Uma ungawatoli amapep'ako mauyekusola eposini. Kakusicala letu.

Nina eningakayikipi imali. — Anisez'ukuyitola *Inkanyiso* nize niyikipele imali njengabanye. Sesiminikile isikati eside.

I NATAL.

Izwe, neNdaba yalo.

U DIAZ NO COLUMBUS.

(Yaqala epepeni No. 49.)

U Diaz ehamba nemikunjana emibili emincane kanye nomunye omkulu wempahla waye wafika ngase Cape, wadhlula nokudhlula engalibonile. Lomkapi oyiqawe womkumbi kahlupekanga ngokuhlangana nezivunguvungu ezikulu zomoya endhleleni kupela; kodwa wahlushwa na ukuxabana kwabantu bake. Wabamba elanda ulwandhle ngas'osebeni waza wabona izwe elide kakulu (thousand miles) elingazange libonwa muntu wase Europe kuqala, kwati esiqingini esinye esise Algoa Bay, esisabizwa namanje ngalel'igama St. Croix, wamisa itshe ukuba libe Nkosi yase Portugal. Kuleyo ndawo abasebenza emikunjini bavuka ngamandhla babanga umsindo befuna ukuba kupindelwe e Portugal. U Diaz wabakulumisa baze bavuma ukuqubeka pambili amasuku amabili noma amatatu etemba ukuti bangabona mhlaumbe okungabadelisayo ukuze bapetele pambili ngendhlela eya ngase mpumalanga. Kodwa kabaze babona luto babona umlomo womfula munye nje kupela abawuqambayo ngegama lokuti Do Infante, beuta kuqala wanyatela esihlabatini. Lomfula mhlaumbe kwaku ilona obizwa manje ngokuti "Great Fish River." Kulendawo-ke u Diaz wapendukela ekaya wabona inhlokwana yezwe eyisiqaliso sezwe leli lase Africa ngase Ningizimu. U Diaz waita leyo ndawo ngalel'igama "Cape of all the Storms," ngokuba wezwa umoya omkulu kakulu wakona. I Nkosi u John II, ngokupikisana nabo kahle, waliqamba muva ngegama lokuti "Cape of Good Hope."

Ngeminyaka emibili emva kwaloko, ngonyaka lwama 1492, u Christopher Columbus, ekonjiswa izikulu zase Spain, waye wafuna ngase ntshonalanga indhlela yokuya esiqingini — semitana emnandi edabula e Atlantic eti uya kuleso siqingi sase India. Endaweni yaloko watola i America, wavulela i Spain ne Portugal Izwe Elisha. I Portugal lasale seliba nako ukuvulela abase Europe i South Africa ne India, ukuba balingene balifunde ngesibindi.

U VASCO DA GAMA.

Lezo ndawo ezatolwa u Diaz zaba nako ukubanika itemba lokuti boze batole nokukulu, ngako-ke bakutazela ekufuneni kwaze kwafika onyakeni 1497, lapo-ke bafuna baze bafumana indhlela eya e India edhlula ngase Cape. Imikunjana emitatu kanye nomkumbi omkulu — wempuhla; yonke ilinganiselwe ukutwala amaton ayi 125, yakelwa ukuhamba leyo ndhlela, no Vasco da Gama, umfuni ohlakanipileyo wezwe, wanikwa ukuba abe umpati wayo. Lel' ibandhlana, lahamba namabuto ayi 160, lapuma e Lisbon ngosuku lwesi 8 luka July, 1497. Ukupuma kwabo ekaya kwafakazelwa izinkulungwane zabantu, bevunulisiwe izikulu zezwe ngokuhle okwesabekayo, bonke abahambayo. I Nkosi u Manuel yena uqobo lwake wanika u Da Gama indwangu yombuso yokub'apepezele ngayo kulezo ndawo ezingaziwayo; naba Priest bahlabelela babakulekela ukuba bahambe kahle batole inhlanhla pambili. Ngokuba amakosi ase Portugal ayengafuni ukukulisa imfuyo kupela, ayefuna ukuqubekisa ukukolwa kwesi-Pambaneko nasekudeni e Mpumalanga kuvimbeke la'mandhla akulayo enkonzo ku Mohammed.

"Imvo Zabantsundu" ne "Nkanyiso."

Samukele izincwadi ezisola ukuti kukona isiNgisi e *Nkanyisweni*, Abantu kabaqondi ukuti uma befuna ukuba u Rulumende azi izinhlupeko zabo nokuba abasize, kungaba kuhle silobe isiNgisi, ukuze u Rulumende kanye nabanye bafunde baqonde. Yiloku okutshiwo *Imvo Zabantsundu* ngati:—

Siyabona ukuba isihlobo setu *Inkanyiso* seyiqalile ukuba namabanga amabili kumbe amatatu esiNgisi, okutiwa "Imicabango Yabantu." Uma le'micabango ilotshwa ngomunye oqondayo, iyakuveza ukukanya okukulu, siyakukwazi ukuba abantu bakiti bacabangani ngo Rulumende na ngomlungu e Natal. Baningi abayakujabula ukufunda le'micabango, ngoba iyakubasiza ukuba bazi abantu nokuba benze okulungileyo ngakubo.

Amanani e Transport.

Imali yamaflara e Ladysmith.—U C. S. Mann & Co. uti irolo selimi kanje:—Ukuya e Bethlehem 3/6, Cronstadt 5/6, Frankfort 4/6, Ficksburg 5/0, Heilbron 4/6, Heidelberg 6/6, Harrismith 2/0, Johannesburg 7/6, Lindley 4/0, Potchefstroom 7/6, Pretoria 8/0, Senekal 4/6, Vredafort 6/6, Winburg 5/6, Zuringkrans 4/0.

IZINCWADI.

Umhleli ka vumelani ngaso zonke izikati nezincwadi eritunyelwa kuleli pepa.

Impumpute ebona nganxanye, nganxanye ayiboni.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE Mhleli,—Ngaka ngabona inhlanzi elwandhle enamehlo anganxanye, ibuka nganxanye ayikuboni ukungalapa kwayo. Hau! utini, Faku? Uti zuzwisisi sizitengele ifa lasezulwini. Uti bekusifanele catshisa indaba oyikulumayo wena, aubekile nangaseni lelo ositshela ngalo lasezulwini; ukuba ubekile nga ungatabo njalo. Elako izwi liti, kuhle ukuba sizifunele ifa lasemhlabeni, sitengise ngabantwana betu, kanye nabafazi betu, sizifunele ifa lasemhlabeni; umuntu ahlale nomfazi wake nabantwana bake, kuti uma sebekulile abantwana bamatombazana, atengise ngabo, kuti ukugcina atengise unina wabo. Mina ngiti ababisisa kahle, asifuni ukukulu balelizwe, sibalekela ababi, naloko okutshoyo okusencwadini engcwele, ngiti ake ukufunde futi. Inkosi yetu yati kwomunye, tengisa ngako konke onako, uze ungilandele. Angazi-ke nokuba usahlezi nje, ungangeni emtetweni, ngoba usabeke ukuba utengise ngabantabako, kuze kuti ukugcina, utengise ngonina wabo, anduba ulandele yini inKosi yako. Beka indawo zombili, musa ukubeka nganxanye. Ongizolela kwongakutandiyo; lahla konke ungilandele, kutsho umSindisi.

Ngingowako

J. H. TSHANGE.

P. M. Burg, March 24, 1891.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE,—Yamkela lawa mazwana ami ngomusa wako omkulu. Ngipakamisa umunwe ku Mr. T. Sibisi, ngibonga amazwana abe ayingcosana, ngendaba yetu, abapete umsebenzi wenKosi pakati kwezwe lakiti. Ngiyakuvumela, Mr. Sibisi, umsebenzi omkulu kudingeka ke uhlanganelwe nempela, injobo stungelwa ebandhla. Baningi abahluiwa imiteto emabandhleni akubo, bati sizoya kwelasekutini, ngoba livumele konke.

Imina

MABUDA.

Umzumbe, March 25, 1891.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE,—Angisiye omane ekukataza ngezincwadi zonke, ngiyaqala namhla, ngivumele, Mhleli wetu omuhle.

Ngifuna ukupendula ku E. M. Kumalo naku I. Caluza, ngiti kungani ukuba babambane ngendaba esobala na? loku ngo May 1890 sasihlangene e Edene tina abapume emtetweni wabamnyama, sakuluma ngokukatazeka ekuhambeni kwetu singenaso isibonakaliso, sati, masenzelwe i Medhlela, somnika imali ayitandayo. Ababizanga, wayipiwa itina 9/0 5/0 u Hulumende.

Futi ngiyuma amazwi aka Magema Magwaza ngendaba yokuhlehla kwabantu bomsebenzi ka Kristu; abondhliwa kahle impela, emveni kwesikati abantwana babo bazobinca imitya ngenxa yokuswela.

S. SHIBE.

Table Mountain, March 28, 1891.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

NKOSI yami,—Sibabaza umhlangano omuhle ebesinawo nge Easter, kubutene amakristu asuka e Highflats, nakwa Deyi pezu ko Mzimkulu, eze emhlanganweni. Yegcwala indhlu ye Sonto lakiti. Kwaxitshwa izibilalo zabekwa pandhle. Kwangati bangebe besemuka! Kwakuhle kakulu! Kwabonakala ukuba u Nkulunkulu usebenza ngokuhle. Kubonakala ukuba i Church singeyinike muntu ngobumnandi, ngokusenzela i Pasika eyisikumbuzo se Nkosi—ngitsho ukufa nokuvuka kwayo.

Ngitetelele, Mngane, nanti elinye izwi. Ngipendula lelizwi ngelekelela u Mr. Lutuli kulamazwi apendula ngawo u Mr. Magwaza. Nami ngiti amazwi ako mahle, Mr. Magwaza, kodwa kawanasiggi. Nganina? Ngokuba kungati sisola amakosi etu ngaloko. Akusinkwa setu abahholela ngaso abantu abamnyama; sipuma ebandhleni lakubo elimhlope asipumi kwelakini elimnyama, kaninamnikelo. Uqonda ngani wena ukuba yimali ekwazi ukuhlehlisa umuntu emuva? Kawuzange ubone umuntu bemnika imali eningi ebaleka ehlehlela emuva na? Konje bengingati ikona indoda owawuhlala nayo Ekukanyeni eyayingu Mshumayeli? Konje yahlehlela emuva ngoba yamukwe imali yini na? Ngityele, ngiyabuza. Konje u Magema umfoka Magwaza bengingati waye ngumcindezeli Ekukanyeni, bengingati ngezwa kutiwa unesitembu uhlehlele emuva? Uti uyasiziza yini-ke ngaloko; watukutelisa amakosi ako? Ubona ngoba usemalini ekucindezoleni. Ucita emanzini lapo kungayikucotsha muntu.

Yimi

"ZIBUKWANA."

Springvale, April 3rd, 1891.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE,—Epepeni lika March 26, 1891, No. 50, kupume incwadi ka B. Lutuli wase Groutville, engimcabangela ukuti ngu Benjamin ka Ncapai owelama u Ntaba, umnumzana owabepete umuzi wase Mvoti. Ngivumele ngibeke libe linye kuye, ngoba bengingakatandi ukumpendula, kengize ngibone impendulo yabafundi be *Nkanyiso* uba batini ukungisola kwabo. Kodwa ngingakampenduli, ngingajabula ukuba u "B. Lutuli" lo angazise ngeqiniso ukuba nguye yini u Benjamin engimtshoyo na? Futi ngingajabula kakulu ukuba ake awabukeze amazwi ami engawalobayo, angawasanganisi, angawafundi futi ngomoya ofudumeleyo, kona eyakuwaqonda. Ngicela loko-ke kwowakwa Lutuli.

Owako

MAGEMA MAGWAZA.